KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SPEECH

KWAZULU-NATAL MEC FOR AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT THEMBENI KAMADLOPHA-MTHETHWA'S REMARKS AT THE 16 DAYS OF ACTIVISM OF NO VIOLENCE AGAINST WOMEN AND CHILDREN

Location: eMlamula, uMhlabuyalingana Local Municipality
Date: 10 December 2024

Kuyintoko enkulu kimi ukuba ngizoba yingxenye yalolohlelo olubaluleke kangaka emphakathini, oluthinta izimpilo zabantu bakithi, kanjalo nemizamo yokuthola isissombululo ngesihlava sokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane. Kuyaye kuthiwe libhubha nommeli uma kunje, ngoba ziyethusa izibalo zezwe ezimayelana nalesisihlava esilokhu sigadle njalo, siqhubeka sidla fumuka sidle silaza. Isikhathi esibizwa nge 16 Days Of Activism Of No Violence Against Women and Children, isikhathi sokuthi sibhukule, sizinuke amakhwapha, sithole izimpendulo zangunaphakade zokulwisana nalesisihlava esibhekene nabesifazanenezingane. Lesisikhathi esiqala mhla zingama 25 November kuya ku 10 December unyaka nonyaka asisho ukuthi yingaleskhathi kuphela la esilwisana nalezigameko, empeleni njengohulumeni, izinhlangano ezingayenzi inzuzo sibhekana naso ngqo usuku nosuku onyakeni ezinsukwini ezingu 365. Kepha ngaleskhathi sonyaka sifuqa imikhankaso yokulwisana naso, sibuyise ithemba.

Lesi isikhathi esiyisikhumbuzo sokuthi labo abayizisulu noma abagilwa sinabo futhi siyabakhumbula othandiweyo bethu abaze bahamba emhlabeni ngenxa yezigameko zokuhlukunyezwa.

Empeleni, sekwaba insakavukela umchilo wesidwaba ukukhuluma ngaloludaba kepha ngeke sitheneke amandla ukulwisana nokunukubezwa kwabesifazane nezingane ngoba balokhu beqhubeke njalo nokubulawa, ukudlwengulwa, ukunukubezwa, ukushaywa, nokulinyazwa. Ezinye zezibalo zithi izigameko zokuhlunyezwa kwabo zikhombisa ukuthi ziqhutshwa ngabantu besilisa abanobudlelwano nabo, kungaba ohlekisana naye noma owaswmndenini. Siyakugxeka ke lokhu futhi sikukhahlela ngezinyawo zombili. Sithi abesifazane ababhekana nanoma ikuphi ukuhlukumezeka ababikele amaphoyisa enze umsebenzi wayo ngokubopha izephulamthetho, zigqunywe ejele. Sesiphelile isikhathi sokuhlukunyezwa kwembokodo. .

Lesisihlava esibhekene naso asikhethike ukuthi ungubani. Ungaba owesifazane osesikhundleni esiphezulu, asikhethi bala lamuntu; ungabhekana naso noma inini, ekhaya, endleni, ezikoleni noma emsebenzini. So kubalulekile ukuba silwe sindawonye ngokuhlanganyela. Abantu besifazane abakhombise ukuba imbokodo yangempela babe yimbumba ukuze sinqobe lesisihlava. Ngokwezibalo zangonyaka u 2016 ze South African Demographic Health Survey language 21 wamaphesenti abantu besifazane bakuleli abaneminyaka eqala ku 18 kuya phezulu abahlukunyezwa abantu abahlekisana nabo. Lokhu ke okusitshela ukuthi

ukudlwengulwa kwabo, nokubulawa kwenzeka ezindaweni la okufanele ngabe ila ephephe khona kakhulu. Siyakuhlaba siyakuhlikiza ke lokhu.

Nathi lapha kwaMhlabuyalingana siyabalwa kulezigameko zokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane. Ngokwezibalo zekota yesibili kulonyaka ezisanda kukhishwa uNgqongqoshe wamaPhoyisa uMhlonishwa uSenzo Mchunu, zikhombisa ukuthi isifundazwe sethu sikaMthaniya sihamba phambili ezigamekweni zokuhlunyezwa kwabesifazane nezingane okuyi Gender-based Violence and Femicide okubalwa nokuhlukunyezwa kwabo emakhaya. Isteshi samaphoyisa Inanda eThekwini sihamba phambili eNingizimu Afrika ezigamekweni ezibikiwe zokudlwengulwa kwabesifazane, bese kuthi iaifundazwe sisonke sibe ne ratio engu 17. 3 yalezigameko esibeka iKwaZulu-Natal ibe ngeyesine kuzwelonke. Kuyo le kota yesibili onyakeni kubikwe ukubulawa kwabantu abangu 46 KwaZulu-Natali, izigameko zokudlwengulwa ezingu 175, ezingu 23 zokunukubezwa ngokocansi, izigameko zokushaya ngenhloso yokulimza ezingu 1 272.

Izindawo ezinezibalo eziningi ze GBV-F KwaZulu-Natali iseThekwini Metro (2003), uMgungundlovu (672), King Cetshwayo (581), Ugu (437), Zululand (364), Ilembe (362), uThukela (342), Amajuba (338), Harry Gwala (232), uMkhanyakude (225), and uMzinyathi (190). Lezi akuzona izibalo ezinhle, futhi kuyasiphoxa, akuyona into esiziqhenya ngayo.

Silapha ke ukuzoninika ithemba lokuthi sikhona njengohulumeni ukusiza abagilwa bodlame olubhekene nabesifazane nezingane, sithi sizobunciphisa noma sibukhiphe nezimpande zabo. Ezinye zezindlela esiqhamuka nazo zokulwisana nalesisihlava ukusungulwa kwe Rapid Response Teams emawadini angaphezulu kwawu 300 KwaZulu-Natal okungamathimba azosebenzisana nabagilwa ukuthi kumele wenzenjani uma ubhekene nalesisimo ukuze uthole usizo oluphuthumayo lwamaphoyisa nazo zonke izinhlaka ezifanele.

Ngenxa yokuthi siyakuqonda ukuthi le impi ngeke sayinqoba sisodwa njengohulumeni, sisebenzisana nezinhlaka ezifana noMnyango wezokuHlunyeleliswa kweziMilo, abe Legal Aid neHhovisi likaMvikeli WoMphakathi neSibaya Casino savuselela amagumbi angu 30 abagilwa kuma Police Stations angu 187. Izinkampani ezizimele ezifana ne Rand Merchant Bank, nesitolo sokudla i Spar ne South African Breweries nezinhlaka zikahulumeni kubalwa noPhiko lwezokuShushisa kuleli zingezinye ezifake igxalaba elikhulu ekulweni nokubhekana nalesisihlava ngokuba nesandla ekwakhiweni kwezikhungo ama Thuthuzela Centre nokunika imifundaze kulabo abake babhekana nalesisimo. Sibambisene sonke njengohulumeni kanjalo nezinhlangano ezingenzi inzuzo. UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi une Call Centre yama Social Worker okuhloswe ngayo ukunikezela ngosizo lwe counselling nokulekelelwa abagilwa enambeni ethi 087 158 3000.

Kanti ke futhi ungafonela iGender-Based Violence Command Centre ku 0800 428 428 noma wenze u “Please call me” ngokuthi uchife u star 120 star 7867#

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Sengisika nje elijikayo eMnyangweni engiwuphathiswe wona angincome indawo yakwaMhlabuyalingana ne District yonkana uMkhanyakude ngokuthi lezindawo zibalwa njengezinye ezihamba phambili ezinabantu abalikhuthalele igeja noma ukulima. Siyayincoma imizamo yenu. Leyo mizamo izoyithola imivuzo efanelekile. Ukulima kwenza umahluko omkhulu ezimpilweni zethu, asigcini nje kuphela ngokuqinisekisa ngokuhlinzeka nokuphilisa imindeni yethu kepha siphinde sikwazi ukudayisa ezimakethe. NjengoMnyango senza izinhlelo zokuthi lemikhiqizo egcwele lapha kwisifunda sethu ifinyelele ezimakethe nasezitolo ezinkulu kanjalo nase Richards Bay lapho sizoba ne Fresh Produce Agri-hub.

Angeke ngilushiye uhlelo lokulinyelwa, siyazi ukuthi nifake izicelo zokulinyelwa ngogandaganda. Siphezu kwezicelo zenu zonke kanjalo nezokusatshalaliswa kwama units abalelwa ku 9 thousand wemithi yokudibha nokujovwa kwezinkomo ukuze zivikeleke ezifweni.

Siphinda sinxusa abalimi bemfuyo ukuba basebenzisane nathi njengoba kudlange isifo samatele kulesfunda esize sakapakela nasOphongolo. Asihloniphe imigoqo ebekiwe emigwaqeni ukundanda lesisifo, siphinde siqinisekise ukuthi imfuyo yethu ayibi uvanzi, ihlale emadlelweni nasezinkanjini ngoba ukuba uvanzi kwayo ingatheleleka ngesifo samatele ezinyathini eziseziqiwini ezisakhele. Asihambise izinkomo zethu emadiphini ukuze zithola ukuvikeleka. Sengiphetha, angibhekise ikakhulukazi kubantu besilisa ukuba sibe ngamanxusa okuvikelwa kwabesifazane nezingane. Egameni lika Thandazile Mpunzi owaba isisulu saloludlame, owabulawa kabuhlungu ngenxa yebala lakhe elimhlophe, owayeyintombazane ekhaliphile lapha eMphelandaba, asibike izigameko zokuhlukunyezwa kwethu, sisebenzisane namaphoyisa. Ngiyathokoza Mphathi wohlelo.